Isifundo 12

*June 10–16

Usuku LweNkosi

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

2 Pet. 3:1, 2; Johane 21:15–17; 2 Pet. 3:3–13; Hub. 90:4; Mat. 24:43–51; 2 Pet. 3:14–18.

Indimana Yekhanda:

“Njengoba zonke izinto zizobhidlika ngalendlela, kumelwe ukuba nibe ngabantu abanjani ekuphileni izimpilo ezingcwele nakubunkulunkulu” (2 Petro 3:11, NRSV).

ESikhathini esedlule abantu ababengakholelwa kuNkulunkulu babebukwa njengabangathembekile, futhi beyingozi. Kunani na? Umqondo wawulula: uma bengakholelwa kuNkulunkulu, ngalokho babengakholelwa okwhlulelweni okuzayo lapho bezophendula khona phambi Kwakhe ngezenzo zabo. Ngaphandle kwalesisikhuthazi, abantu babengancikela kakhulu ekwenzeni okubi. Nakuba lokhu Kucabanga kuyisidala (futhi “kungavumelekile emphakathini”) namuhla, ngeke sisiphike isizathu sakho. Nembala, abantu abaningi abadingi ukwesaba ukwahlulela okuzayo ukuze benze okulungileyo. Kodwa kusenjalo, ukuthi bazophendula kuNkulunkulu kungabenza benze okulungileyo. Njengobasesibonile, uPetro wayengesabi ukuxwayisa ngokwahlulelwa ababi ababezobhekana nako phambi kukaNkulunkulu, ngoba iBhayibheli lisobala ngokuthi lokhu kwahlulela kuyeza. Kulengqikithi, uPetro ukhuluma ngokusobala mayelana nezinsuku zokugcina, ukwahlulela, ukuza kwesibili kukaJesu, kanye nesikhathi lapho “konke kuzokuncibilika ngokushisa okukhulu” (2 Pet. 3:10). UPetro wayazi ukuthi sonke siyizoni, futhi ngalokho, sibhekene nalokhu, uyabuza: “kumelwe ukuba nibe ngabantu abanjani ekuphileni izimpilo ezingcwele nakubunkulunkulu na?” (2 Pet. 3:11).

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 17.*

Umgudu Wegunya

UPetro waxwayisa abafundi bakhe ngohlobo lwezimfundiso eziyingozi ibandla elalizobhekana nazo. Waxwayisa mayelana nalabo abazothi, bethembisa inkululeko, baholele abantu emuva ebugqilini besono, okuphambene nenkululeko esiyithenjisiwe kuKristu. Ngeshwa, lokhu kwakungeyona yodwa imfundiso yamanga eyayizonqwamana Nebandla. Enye eyingozi yayizofika. Nakuba kunjalo, ngaphambi kokuba uPetro anikeze lesisixwayiso esiqondile, usho okunye kuqala. “Lencwadi, bathandekayo, isingeyesibili enginibhalela yona; zombili engivusa ngazo ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza: Ukuthi nikhumbule amazwi ashunyayelwa ngaphambili ngabaprofethi abangcwele, kanye nomyalo wethu bapostoli beNkosi noMsindisi” (2 Pet. 3:1, 2).

Yiliphi iphuzu uPetro alenzayo lapha mayelana nesizathu sokuthi abafundi bakhe balalele lokho akubhalayo na? buka futhi uJohane 21:15–17.

_____

_____

_____

_____

Ku-2 Petro 3:1, 2, uPetro uyabakhumbuza ngamazwi aphefumulelwe ayefike ngaphambilini “kubaprofethi abangcwele.” Ngalokho, wayephinda ebabhekisa emuva eBhayibhelini, KwiTestamente Elidala. Wayebakhumbuza ukuthi ‘babenezwi lesiprofetho eliqinisekile” (2 Pet. 1:19). Wayefuna kucace ukuthi izinkolelo zabo zazigxile Ezwini likaNkulunkulu. Akukho KwiTestamente Elisha okuvumela ukuthi iTestamente Elidala selalahlwa noma alisabalulekile kangako. Kunalokho, ngubufakazi beTestamente Elidala obusungula ukuqiniseka Kwelisha kanye nalokho uPetro akusho ngoJesu. Kodwa kunokunye. UPetro ube esebeka umugqa ocacile osuka “kubaprofethi abangcwele” beTestamente Elidala uze ufike egunyeni lakhe njengomunye waba “postoli beNkosi noMsindisi.” Wayengangabazi ngobizo lwakhe ayeluthole eNkosini lokwenza lokho ayekwenza. Yingakho ayekhuluma ngokuqiniseka okungaka. Wayewazi Umthombo wombiko wakhe.

Kungani Izwi likaNkulunkulu, hhayi impucuko noma ukubuka nokucabanga kwethu, kumele libe yigunya lokugcina ezimpilweni zethu na? (Nembala, kungani sigcina iSabatha losuku lwesikhombisa ngaphandle kokuba kusho Izwi likaNkulunkulu na?)

_____

AbaKlolodi

Ngemuva kokhumbuza abafundi bakhe ngamazwi “ayekhulunywe ngabaprofethi abangcwele, kanye nomyalezo wethu bapostoli beNkosi noMsindisi” (2 Pet. 3:2), uPetro ungena esixwayisweni esiqondile. Mhlawumbe, ngokwazi ubungozi balemfundiso, wafuna ukugcizelela igunya ayebhala ngalo.

Funda u-2 Petro 3:3, 4. Yikuphi laba abangakholwa abazokusho ngokubuya kukaKristu na?

_____

_____

_____

Kunokufana okubalulekile phakathi kwalabo abaphakamisa inkululeko yamanga kanye nalabo abaveza ukungakholwa Ukuza Kwesibili. Iqembu lokuqala lihamba “ngokwenyama enkanukweni yamanyala (2 Pet. 2:10, NKJV); kusenjalo, laba abaphika ukubuya kukaKristu kwakuyilabo “abahamba ngokwezinkanuko zabo,” (2 Pet. 3:3, NKJV). (Akulona iphutha ukuthi lezizinkanuko zesono zingaholela ezimfundisweni zamanga, akunjalo na? Abaklolodi, exwayisa, bazobuza umbuzo oqondile, “Siphi isithembiso sokuza kwakhe na?” (2 Pet.3:4). Ngokwenzenjalo, bazophonsa inselelo kwinkolelo yamaKristu yokuthi uJesu uzobuya kulomhlaba, futhi masinyane. Nembala, ikakhulu ngoba ukhuluma ngezinsuku zokugcina, laba baklolodi bazoletha ubufakazi obungaphikeki bokuthi amaKristu amaningi afile, futhi nezinto ziqhubeka njengoba zenzile nje.

Ngaphandle, akuwona umbuzo ongenangqondo. Naye u-Enoch ongcwele, kubhala u-Ellen G. White, wabona ukuthi abalungile kanye nababi “babeya othulini ndawonye, nokuthi lokhu kwakuyisiphetho sabo” (Patriarchs and Prophets, p. 85), futhi lokho kwamkhathaza. Uma no-Enoch, owaphila ngaphambi kukazamcolo alwisana nalombuzo, kangakani-ke labo abaphila izinkulungwane zeminyaka ngemuva kwakhe, kuze kufike “ezinsukwini zokugcina” na? Kanjani kithina namuhla, njengama-Seventh-day Adventist na? Igama lethu liphakamisa umqondo wokubuya kwesibili kukaKristu. Kepha akakabuyi. Yebo, siyabhekana nabaklolodi, njengoba uPetro ayeshilo ukuthi kokwenzeka.

Kumava akho okukholwa, ubhekana kanjani neqiniso lokuthi uKristu akakabuyi na? Woza nempendulo yakho eklasini ngaSabatha.

_____

_____

Iminyaka Eyinkulungwane Injengosuku

Ku-2 Petro 3:8-10, uPetro uyiphendula kanjani inkulumo ezofika nabakolodi na? Yini ayishoyo engasisiza namanje ukuqonda ukuthi kungani uKristu engakabuyi na?

UPetro uphendula udaba ngokungaguquki kwezinto emhlabeni. Ukhumbuza abalaleli bakhe ukuthi akulona iqiniso ukuthi izinto emhlabeni ziqhubeka zingaguquki selokhu umhlaba wadalwa. (Qaphela indlela uPetro abuyela ngayo Ezwini likaNkulunkulu njengomthombo wakhe wegunya.) Kwakunesikhathi sobubi obukhulu, ngemuva kwaso uNkulunkulu wabhubhisa umhlaba ngozamcolo (2 Pet. 3:6). Nembala, uzamcolo waletha inguquko enkulu emhlabeni, lena esekhona nanamuhla. UPetro ube esethi ukubhubhisa okulandelayo kuyoba ngomlilo, hhayi ngamanzi (2 Pet. 3:10). UPetro waphinda wabhala, “Kuyo iNkosi usuku lunye lunjengeminyaka eynkulungwane, futhi iminyaka eyinkulungwane injengosuku lunye” (2 Pet. 3:8). Ngokusho lokhu, kusenokuba uPetro wayecabanga ngamazwi eHubo 90:4: “Ngoku iminyaka eyinkulungwane phambi kwakho afana nezolo uma seledlule, futhi nanjengomlindo ebusuku.” Ngamanye amazwi, ukubuka kwethu isikhathi akufani nokukaNkulunkulu; ngakho-ke, kumele siqaphele ekwahluleleni esikwenzayo ngesikhathi. Ngokokubuka kwesintu, kubonakala sengathi kunokulibala Ekubuyeni kukaKristu. Kodwa sikubuka lokhu ngokwesintu kuphela. NgokukaNkulunkulu, akukho ukulibala. Empeleni, uPetro uthi isikhathi sengeziwe ngoba uNkulunkulu ukhombisa ukubekezela Kwakhe. Akafisi ukuthi kube namunye obhubhayo 92 Pet. 3:9). Lesisikhathi esengeziwe sivunyelwe ukuba abaningi babenethuba lokuphenduka.

Kepha, kuxwayisa uPetro, ukubekezela kukaNkulunkulu akumele kuthathwe njengethuba lokuhlehlisa isinqumo ngoJesu. Usuku lweNkosi luzofika ngokungalindelekile njegesela ebusuku. Isela elifika ebusuku lilindele ukuba libaleke lingabonwanga. Kodwa nakuba usuku lweNkosi luzofika njengesela, ngokuqinisekile luzobonakala. Njengoba uPetro esho, “amazulu azodlula ngenhlokomo enkulu, futhi nezinto zizoncibilika ngokushisa okukhulu” (2 Pet. 3:10). Ngalokho, umyalezo kaPetro ufana nokaPawule: “Bheka, manje yisikhathi esifanelekile; bheka, manje wusuku losindiso” (2 Kor. 6:2).

Pho Ke?

Insizwa esencane yazama ukuvangela unina. Yamtshela ngokufa kukaJesu kanye nesithembiso sokubuya Kwakhe. Yayizincoma, icabanga ukuthi yenze umsebenzi omuhle. Isiyiqedile intshumayelo yayo emfushane ngoJesu kanye Nokuza Kwesibili, unina wayibuka wayesethi: “Pho ke lokhu kunani nokwenza nami manje na?”

Funda u-2 Petro 3:11-13. UPetro uwuphendula kanjani lombuzo “Pho ke kunani nokwenza nami manje na?” Buka u-Mat. 24:43–51.

Njengoba sesishilo, igama lethu lama-Seventh-day Adventist lembula inkolelo yethu eqinisweni lokubuya kukaKristu. Lemfundiso iyisisekelo; lonke ukholo lwethu lobuKristu beluyoba yize ngaphandle kokubuya kukaKristu nakho konke okukuthembisayo. Kepha asikho yini engozini yokufana nenceku ekhohlakele kumfanekiso kaMathewu 24:43-51 na? Sisenokungenzi lobobubi obubalwe kulendaba, kodwa lokho akulona udaba (ngomfanekiso). Kunalokho, umfanekiso usixwayisa ngokuthi bekuyoba lula ukwehlisa amazinga, ikakhulu mayelana nokuphatha abanye, nokufana nezwe singaqini enkolweni yethu yokubuya kweNkosi.

Ngempela, sivamile ukubhekana nalabo, ngezibalo zabo zesiprofetho, abacabanga ukuthi banalo usuku lokubuya kukaKristu. Kepha okuyiyona ngozi ebhekene nama-Seventh-day Adventist akuyona eyokubeka izinsuku zokubuya kukaKristu. Kunalokho, ingozi ngeyokuthi ngokuhamba kweminyaka, isithembiso Sokuza Kwesibili siqala ukuba nendima encane emqondweni yethu. Yebo, ngokuba lapha isikhathi eside, siyangokusondela Ekuzeni Kwesibili. Ngakolunye uhlangothi, ngokuba lapha isikhathi eside, kuya ngokubalula ukuba sicabange ukuthi ukubuya Kwakhe kusekude kungabe kusayithinta impilo yakho yansuku zonke. Izibhalo ziyasixwayisa ngalokhu kudembesela. UPetro wathi, uma uJesu kumele ebuyile, futhi nathi kumele sibhekane nokwahlulelwa, amaKrsitu kumele aphile izimpilo zobungcwele nobunkulunkulu (2 Pet.3:11). Ukuqiniseka Kokuza Kwesibili, noma kwenzeka nini, kumele kuthinte indlela esiphila ngayo manje.

Ukuqiniseka Kokuza Kwesibili kuyithinta kangakanani impilo yakho nokucabanga na? Yini, uma Kukhona, eshiwo yimpendulo yakho ngempilo nangokholo lwakho na?

Ubizo Lokugcina

UPetro uphetha Incwadi yakhe ngendikimba asuke nayo ekuqaleni: Ukuphila izimpilo ezingcwele nokuqaphela ukuba singaholelwa ophathe "yinkohliso yababi" (2 Pet. 3:17).

Funda u-2 Petro 3:14-18. Ulwenza kobani ubizo uPetro, futhi yini axwayisa ngayo kulolubizo na?

Kuyathathekisa ukuthi uPetro uphetha Incwadi yakhe ngobizo ezincwadini "zomzalwane wethu othandekayo uPawule" (2 Pet. 3:15). NoPawule wabhala ngesidingo sokuphila ngokuthula lapho sililnde ukuza kwesibili kukaJesu, nokusebenzisa isikhathi sithuthukisa izimpilo ezingcwele (buka uRom. 2:4, Rom. 12:18, Fili. 2:12). Qaphela futhi ukuthi indlela uPetro acaphuna ngayo emibhalweni kaPawule iveza ukuthi imibhalo kaPawule yayithathelwa phezulu emlandweni wamaKristu wokuqala. Noma ngabe uPetro ubhekise kuyo yonke imibhalo kaPawule kumanje etholakala KwiTestamente Elisha noma cha, ngeke kwacaca. Nakuba kunjalo, amazwi kaPetro akhombisa ukuthi izincwadi zikaPawule zazithathelwa phezulu. Ekugcineni, uPetro uphawula ngokuthi imibhalo kaPawule ingahlanekezelwa, njengazo Izibhalo. Igama lesiGriki u-grapha lisho "imibhalo," kodwa kulengqikithi lisho "imibhalo engcwele," njengezincwadi zikaMose nezabaprofethi. Nabu ubufakazi obucacile bokuthi izincwadi zikaPawule zazinegunya, njengegunya leBhayibheli lesiHeberu. Ngokubuka lokho esesikufundile ngaphambili mayelana nothisha bamanga abathembisa inkululeko, kulula ukucabanga ukuthi ngabantu abasebenzisa imibhalo kaPawule ngenkululeko nangomusa njengebhaxa lokuziphatha kabi. UPawule wayegcizelela kakhulu ukulungisiswa ngokholo kuphela (Rom.3:21, 22), kodwa akukho emibhalweni yakhe okunikeza abantu imvume yokona (buka uRom. 6:1-14). UPawule ngokwakhe kwafuneka ebhekane nalamanga mayelana nalokho ayekushumayela futhi ekufundisa mayelana nokulungisiswa ngokholo. Kepha, kuxwayisa uPetro, labo abahlanekezela imibhalo yakhe bakwenza lokho engozini "yokubhubha kwabo" (2 Pet. 3:16).

Yiziphi izinqumo ongazenza njengamanje ezingakusiza ukuba uphile lempilo esibizelwe ukuba siyiphile kuKristu Jesu na?

Cabanga Kabanzi:

Ngokokubuka kwethu, kungabonakala sengathi Ukuza Kwesibili sekulibele kakhulu. UJesu wayazi ukuthi sizoba nalomuzwa, futhi kweminye imifanekiso waxwayisa ngalokho okwakuzokwenzeka uma singaqaphile ngalesisikhathi. Buka umfanekiso wezinceku ezimbili kuMathewu 24:45-51. Zombili zazilindele ukubuya kwenkosi yazo. Kodwa zafinyelela eziphethweni ezingafani. Enye yanquma ukulungela ukubuya kwenkosi yayo noma yinini. Enye yathi inkosi yayilibele, ngalokho yakuthatha lokhu njengethuba lokwenza okubi. "Ngoba asisazi isikhathi sokuza Kwakhe, siyalezwa ukuba siqaphe. 'Zibusisiwe lezosinceku ezothi iNkosi uma iza izithole ziqaphile.' Luka 12:37. Labo abalindele ukuza kweNkosi abalindile nje ngokungezi lutho. Ukulindela ukuza kukaKristu kungukwenza abantu bahloniphe iNkosi, futhi besabe ukwahlulela Kwakhe kwababi. Kungukubaqwashisa ngesono esikhulu sokulahla isipho sakhe somusa. Labo abalindele iNkosi bahlanza imiphefumulo yabo ngokulalela iqiniso."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 634.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini xoxisanani ngombuzo wangoMsombuluko omayelana Nokuza Kwesibili. Yiziphi ezinye izindlela ongabhekana ngazo neqiniso lokuthi uKristu akakabuyi na? Yini esingayifunda ezimpendulweni zomunye nomunye na?

2. Zimfundiso zini, namikhuba mini, kanye nazinkolelo zini thina njengama-Seventh-day Adventist ezingaqhamuki emasikweni noma ekucabangeni noma ezimfundisweni kepha kuphela Ezwini likaNkulunkulu na?

3. Njengoba sibonile phakathi neviki, uPetro uhlanganise imikhuba yesono nezinkanuko nezimfundiso zamanga. Isifundo sibe nalomusho: Akukona nje ukwethuka kuqondana ukuthi lezizinkanuko zesono zingaholela ezimfundisweni zamanga, akunjalo na?" Kungani kungekona nje ukwethuka kuqondana? Kungabe kuhlangana kanjani lokhu na?

4. U-Albert Einstein wethula emhlabeni umqondo omangalisayo wokuthi isikhathi asiphelele. Okungukuthi, ngokuthi ukuphi nokuthi uhamba ngesivinini esingakanani, isikhathi kulokho okala ngakho sizokwehluka kunesomunye. Okuyikona ayekusho ngukuthi, isikhathi yinto eyimfihlo enkulu, futhi senza ngezindlela esingaziqondi ngokuphelele. Lomqondo ungasisiza kanjani ukuba sibone ukuthi isikhathi kuNkulunkulu asifani nesethu, ikakhulu Ngokwengqikithi yokuthi uKristu akakabuyi na?

Notes